sassa
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

YIMALINI FUTHI SIZOKHOKHWA ISIKHATHI ESINGAKANANI ISIBONELELO SIKAHULUMENI SESIKHASHANA SOBHUBHANE I- COVID-19?

- ✓ Isibonelelosikahulumenisesikhashanasobhubhanei-COVID-19singama-R350ngenyanga, kusukela ngosuku okwaphumelela ngalo isicelo.
- ✓ LesisibonelelosikahulumenisiyokhokhelwakusukelaenyangenikaNhlabakuyakuMfumfu. Kodwa uma isicelo sifakwe ngenyanga kaNtulikazi, uyokhokhelwa kusukela ngenyanga esamukelwe ngayo isicelo sakho. – **ngeke zikhokhelwe izinyanga zangaphambi kwesicelo**

#SASSACARES
#KeepSouthAfricaHealthy

Toll free: 0800 60 10 11
www.sassa.gov.za
SASSA News @OfficialSASSA

paying the right social grant, to the right person, at the right time and place. NJALO!

social development
Department: Social Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NDA National Development Agency

2030 NDP

STAY HOME SAVE SOUTH AFRICA

SIFAKWA KANJANI ISICELO SESIBONELELO SIKAHULUMENI SESIKHASHANA SOBHUBHANE I- COVID-19?

sassa
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

Izicelo zesibonelelo sikahulumeni zesikhashana zobhubhane lwe-COVID-19 zifakwa n**gokohlelo lwezobuchwepheshe kuphela. IZICELO AZIFAKWA EMAHHOVISI AKWA**-SASSA. Uma udinga usizo lokufaka isicelo, abasebenzi namavolontiya bakwa-SASSA bangakusiza.

- ✓ Ngeke zamukelwe izicelo ezifakwa ngamaphepha
- ✓ Izicelo zingatholakala ngeyodwa yalezi zindlela ezilandelayo:
  - Inombolo ka-Whatsapp: **082 046 8553**
  - Inombolo ye-USSD: ***134*7737#**
  - Umbikombani (i-imeyili): **srd@sassa.gov.za**
  - Inombolo yesikhungozingcingo: **0800 60 10 11**
  - Isizindalwazi (iwebhusayithi): **https://srd.sassa.gov.za**
- ✓ Imali iyofakwa ngaleyo ndlela ozikhethele yona wena
- ✓ Zingazifaka izicelo ngisho nezakhamuzi ezingenawo ama-akhawunti asebhange. Imali yazo-ke zona iyothunyelelwa ngokohlelo lwasemishinini yasemabhange, uma yonke imininingwane efanele isiqinisekisiwe.
- ✓ Uma isicelo sesiphumelele, abakwa-SASSA bayocela ukuthunyelelwa isiqinisekiso se-akhawunti yasebhange – lokhu nakho bayokwenza ngendlela ephephile ngohlelo lezobuchwepheshe.
- ✓ Lowo nalowo umfakisicelo unalo ilungelo lokucela isiqinisekiso sokuthi leso sicelo sibuya kwabakwa-SASSA ukuze avikeleke.
- ✓ **IZICELO ZIFAKWA MAHHALA:** Akukhokhwa mali – Abafakizicelo bayaxwayiswa ukuthi bangawathengi “amafomu okufaka izicelo” – lokhu akuvumelekile futhi ngeke amukelwe.

#SASSACARES
#KeepSouthAfricaHealthy

Toll free: 0800 60 10 11
www.sassa.gov.za
SASSA News @OfficialSASSA

paying the right social grant, to the right person, at the right time and place. NJALO!

social development
Department: Social Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NDA National Development Agency

2030 NDP

STAY HOME SAVE SOUTH AFRICA

IYIPHI INDLELAKUFANELEKA YOKUTHOLA ISIBONELELO SIKAHULUMENI SESIKHASHANA SOBHUBHANE I- COVID-19?

Abafakizicelo kumele babe:

- ✓ Yizakhamuzi zaseNingizimu Afrika, Abahlala ngokugcwele noma ababhaci ababhalisile eMnyangweni wezaseKhaya;
- ✓ Abahlali abangaphakathi kwemingcele yeRiphabhlikhi yaseNingizimu Afrika;
- ✓ Ngaphezulu kweminyaka eyi-18;
- ✓ Ngabangasebenzi;
- ✓ Ngabangayitholi nhlobo ingenisomali;
- ✓ Ngabangasitholi nhlobo isibonelelo sikahulumeni;
- ✓ Ngabangawutholi umshwalense wokuphelelwa umsebenzi futhi abangavumelekile ukuwuthola;
- ✓ Ngabangalutholi uxhasomali olubhekelela abafundi baseZikhungweni zeMfundo ePhakeme lwe-National Student Financial Aid Scheme;
- ✓ Ngabangalutholi olunye uxhaso lukahulumeni olumayelana nobhubhane i-COVID-19; futhi
- ✓ Ngabangahlali esikhungweni esixhaswe nguhulumeni.

sassa
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

#SASSACARES
#KeepSouthAfricaHealthy

Toll free: 0800 60 10 11
www.sassa.gov.za
SASSA News @OfficialSASSA

paying the right social grant, to the right person, at the right time and place. NJALO!

social development
Department: Social Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NDA National Development Agency

2030 NDP

STAY HOME SAVE SOUTH AFRICA

sassa
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

YIMIPHI IMININGWANE OKUMELE IHAMBISANE NESICELO SESIBONELELO SIKAHULUMENI SESIKHASHANA SOBHUBHANE I- COVID-19.

- ✓ Sidinga isiqinisekiso sekheli lendawo yokuhlala kuphela okumele lihambisane nesicelo.
- ✓ Abakwa-SASSA kabadingi ukuthi isicelo sihambisane nemininingwane yomfakisicelo efana nomfuziselo kamazisi (ID), isiqinisekiso sekheli lendawo yokuhlala noma sesitatimende sasebhange.

sassa
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

UKUQINISEKISWA KWESICELO SESIBONELELO SIKAHULUMENI SESIKHASHANA SOBHUBHANE I-COVID-19

- ✓ Ngokufaka isicelo, umfakisicelo usuke esegunyaze abakwa-SASSA ukuthi bahlolisise isimozimali sakhe nolunye ulwazi lwemininingo olugcinwe wuhulumeni nezikhungo zezezimali – kubandakanya nophiko lukaHulumeni oluQoqa intela namabhange.
- ✓ Kuyicala ukunikeza ulwazi olungamanga ngemizamo yokuthi isicelo sakho semukeleke futhi lokhu kungaholela ekutheni uboshwe.

#SASSACARES
#KeepSouthAfricaHealthy

Toll free: 0800 60 10 11
www.sassa.gov.za
SASSA News @OfficialSASSA

paying the right social grant, to the right person, at the right time and place. NJALO!

social development
Department: Social Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NDA National Development Agency

2030 NDP

STAY HOME SAVE SOUTH AFRICA

sassa
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

OKUMELE KWENZIWE UMFAKISICELO

- ✓ Abafakisicelo bayaxwayiswa ukuthi banganikezi imininingwane yabo yasebhange nakunoma ubani.
- ✓ Abakwa-SASSA bayoyicela kuphela imininingwane yasebhange uma isicelo sesiphumelele.
- ✓ Bonke abahlomuli nabafakizicelo kumele banganikezi ngenombolo yabo eyimfihlo noma unombolontathu (i-CVV) ongemuva kwekhadi lasebhange kunanoma ubani – ngisho nabakwa-SASSA imbala

sassa
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

MAYELANA NESIBONELELO SIKAHULUMENI SESIKHASHANA SOBHUBHANE I-COVID-19

- ✓ Inhloso yalesi sibonelelo ukwelekelela labo abangenayo nhlobo ingenisomali, ikakhulukazi labo abamabhizinisi abo akhahlamezeke ngenxa yemvalelwakhaya.
- ✓ Kasenzelwe “ukwengezelela” engeniswenimali ekhona njengamanje.

#SASSACARES
#KeepSouthAfricaHealthy

Toll free: 0800 60 10 11
www.sassa.gov.za
SASSA News @OfficialSASSA

paying the right social grant, to the right person, at the right time and place. NJALO!

social development
Department: Social Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NDA National Development Agency

2030 NDP

STAY HOME SAVE SOUTH AFRICA